

USARS ubonga izigidi zabakhokhintela abathobelayo, uphinde uqwashise labo abangathobeli

Tshwane, 7 kuLwezi 2023 - UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lubonga bonke abakhokhintela abavamile abagcine izibophezelo zabo ngokomthetho ngokubuyisa amafomu abo entela yemalingeniso yomuntu (i-PIT) ngesikhathi sokuphela kweSikhathi Sokubuyisa amafomu entela. USARS ubonga nalabo bakhokhintela abakhokha lokhu okwakusilele.

Njengaseminyakeni eyedlule, uSARS uthokozile ngenqubekelaphambili ezingeni lokuthobela kubantu. Sikholwa ukuthi abakhokhintela abaningi bathembekile futhi bafuna ukwenza okuyikho ngokuhlangabezana nezibophezelo zabo ngokomthetho. Kulokhu, uSARS uthole amafomu okubuyisa intela ayi-7 million kubakhokhintela abavamile, okunyakile uma kuqhathaniswa no-6 million wangonyaka owedlule.

Inkundla yaku-inthanethi yabantu yenze sikwazi ukwenza lokhu:

- 88% wamafomu entela atholakele athunyelwa ngezinkundla ze-eFiling, ne-MobiApp;
- 93% wamafomu entela asetshenzwa emizuzwaneni emi-5;
- 79% wezimali ezibuyela abantu zasetshenzwa emahoreni angama-72; kanti
- Sekukhokhwe ngaphezulu kuka-R29 billion wezimali ezibuyela abantu.

I-*auto-assessment* yakwaSARS nayo ithatha amandla ngabakhokhintela abayi-4 million abathola ukuhlolwa osekubaliwe vele onyakeni ophezulu, esinyukile sisuka ku-3 million ngonyaka owedlule.

Ukukhula ngokushesha kwesayensi yemininingo, indlelakubala, ukufunda ngomshini kanye nemithombo yemininingo ekumuntu wesithathu sekwenze uSARS ukwazi ukunika abakhokhintela usizo olungenazihibe. Nakuba lezi zinkundla zisetshenziswe ukunikeza usizo ezikhalazweni zabakhokhintela, sekwenze uSARS wakwazi ukuhlonza izinhlobo zabakhokhintela abangathobeli.

USARS usubone ukunyuka kwezinga lokuthobela. Kodwa-ke sisakhathazekile ngabakhokhintela abangathobeli abangakawathumeli amafomu abo entela njengoba kudingeka, kwabe sekuhlonzwa lokhu okulandelayo:

- Abakhokhintela ababhalisile abangakawathumeli amafomu abo entela ngenxa yanoma yisiphi isizathu
- Abakhokhintela abangakakhokhi lokhu okumele bakukhokhe;
- Abakhokhintela abangabhalisile njengabakhokhintela yize benesandla emnothweni; kanye
- Nabakhokhintela esikhathini esedlule abangazange babe nesidingo sokuthumela amafomu entela, kodwa bethola imalingeniso lapho kade usebenza khona, kutshalomali, ukuqashisa, noma enye imalingeniso; abanye abakhokhintela kungenzeka ukuba bathola amasheya noma banabhizinisi asebenzayo enza ukuba babe ngaphezulu komkhawulo obekiwe wemalingeniso, okusho ukuthi kumele bathumele amafomu entela.

Abakhokhintela abangathobeli bayakhunjuzwa ukuba bazobhekana nemiphumela yokungathobeli ngokuhluleka ukubhalisa, ukuthumela amafomu entela kanye/noma ukukhokha lapho kunesidingo.

Laba bakhokhintela bayanxuswa ukuba balungise izindaba zabo zentela ngokukhulu ukushesha futhi bayakhuthazwa ukuba baye ophikweni lokuDalula ngokuZithandela (i-VDP) ngaphambi kokuba uSARS uze ubathinte kuqala. Uma isicelo se-VDP somkhokhintela sifika kwaSARS emva kokuthi uSARS eseze wabathinta wona, uhlelo lwe-VDP alube lusasebenza kanti lezo zicelo zabo ngeke zamukeleke. USARS uyafisa futhi ukulungele ukusiza abakhokhintela abafuna ukuthobela. Lapho abakhokhintela bengazishayindiva izibophezelo zabo zentela, uSARS uzoqinisa isandla.

UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter udlulise ukubonga kubakhokhintela abathobelayo abagcine izibophezelo zabo ngokomthetho. Uqhubeke wathi “abanye abakhokhintela abathobeli ngenhloso ngokuthi bethumele ukudalula okungeyikho kwaSARS noma bangazishayindiva izibophezelo zabo ngokomthetho. Labo abenza lokhu kumele bazi ukuthi lokhu abakwenzayo akulona nje icala kuphela, kodwa yicala lobugebengu, elizobhekwa ngendlela efanele. Izinkantolo zikuqinisekisile ukuthi uSARS wenza okusemthethweni ngokuthi akuqonde ngqo ukungathobeli,” kusho uMnu Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za